



PROVINCE OF KWAZULU-NATAL
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

SIMAMA

USHICILELO LWAMAHHALA LUKAHULUMENI WESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

USHICILELO 190 • MAY 2016

UNDUNANKULU UTHI UMZABALAZO WENKULULEKO WAWUNZIMA



UNDunankulu uMnumzane uSenzo Mchunu ephahlwe ngoNgqongqoshe bekhabinethi yesiFunda unkosikazi Weziwe Thusi, uNeliswa Nkonyeni kanye nomnumzane Michael Mabuyakhulu ngosuku lokugubha iNkululeko. **Isithombe: ZANDILE SHANGE**

UNDunankulu waKwaZulu-Natal uMnumzane uSenzo Mchunu ukhumbuze intsha ePeacetown, eMnambithi ukuthi lenkululeko esinayo yazuzwa ngomzabalazo owawunzima kakhulu. Uthe usuku olufana nolwenkululeko kufanele siluthande futhi siluhloniphe ngoba kukude lapho sivela khona. **Bheka udaba ekhasini 4**



PROVINCE OF KWAZULU-NATAL
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI



AIDS 2016
21ST INTERNATIONAL
AIDS CONFERENCE
DURBAN, SOUTH AFRICA 18-22 JULY 2016

Silwisana neSifo seNgculazi neZifo zoCansi

21ST INTERNATIONAL AIDS CONFERENCE
DURBAN ICC 18-22 JULY 2016

This Is Your Life Live It
Access Equity Rights Now



OKUNGAPHAKATHI



UNDUNANKULU KANYE NESEKELA LIKANQGONQOSHE WOMNYANGO WEZASEKHAYA BAVAKASHELE ABOKUFIKA

IKHASI 3

UNdunankulu waKwaZulu-Natal umnumzane uSenzo Mchunu uthethe ngeke baze bakwamukele ukuthi kube nabantu abazohlala emigwaqeni yeTheku. Ukusho lokhu ngenkathi bevakashele abokufika abahlala kulemigwaqo kulandela udlame lwanyakenye.

UNKONYENI UHLANGANE NEMIKHANDLU EMELE ABAFUNDI

IKHASI 7

UMphathiswa weZemfundo KwaZulu-Natali, uNeliswa Peggy Nkonyeni uhlangane nemikhandlu emele abafundi (RCLs) ngaphansi kwesifunda i Harry Gwala ku Mkhandlu uMuziwabantu zingu 23 ku Mbasa 2016.

KWAMASHU UYAQINA UMBHIDLANGO WOKULWA NEZIDAKAMIZWA EZIKOLENI

IKHASI 9

Izimo intsha ephuma kuzo emakhaya zivamisile ukwenza ukuthi izithole isisebenzisa izidakamizwa, kanti lokho kwenza sibe sikhulu isidingo sokuba kunakekelwe izingane.

UMNYANGO WEZOLIMO WETHULE UHLELO LOKUTSHALWA KOMMBILA NOBHONTSHISI ENKANDLA

IKHASI 11

Ukuba ngumsebenzi kaHulumeni osebenza ngokuzikhandla nokuzimisela kunomvuzo, lokhu kubonakale emcimbini wokuklomelisa abasebenzi boMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali obungeledlule eDube Trade Port.

“PHEZANI MASELA UKWEBA UGESI WOMPHAKATHI” – DUBE-NCUBE

IKHASI 14

Ngqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu KwaZulu-Natali, umhlonishwa uNomusa Dube-Ncube, ukhumbuze izakhamizi zaKwaZulu-Natali ngokubaluleka kukagesi ekuthuthukiseni inhlobo yomuntu, wabe esenxusa abantu ukuba balwisane nesihlala sokwebiwa kukagesi ngokuthi uxhunywe ngokungekho emthethweni.

MAYELANA NALOLU SHICILELO

Ushicilelo lukaHulumeni wakwaZulu Natal olusemthethweni. I Simama iqukethe phakathi kokunye izindaba, imibiko, nezimemezelo zaHulumeni wesiFundazwe.

Ishicilelwa kabili ngenyanga.

Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyelelwe esikhungweni sakho esifana nesikole, umtapo wolwazi, isibhedlela, ungathintana nehhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali: 033 341 3300 noma thami.ngwenya@kznpremier.gov.za.

Ithimba elihlanganise iphephandaba:


Umhleli omkhulu: Thamsanqa Ngwenya
Umhleli wezindaba: Sibusiso Magwaza
Umhleli wamakhasi: Bonga Khoza

Abezithombe:
Zandile Shange no Yolanda Zondi

© KZN Provincial Government



PROVINCE OF KWAZULU-NATAL
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI





UNDUNANKULU KANYE NESEKELA LIKANQGONQGOSHE WOMNYANGO WEZASEKHAYA BAVAKASHELE ABOKUFIKA ABAHLALA EMIGWAQENI YETHEKU

“Siyazi ukuthi banamalungelo okuzikhethela nanokuthi bangakwazi ukuzithathela izingqumo kodwa akusho ukuthi kuzomele sense noma yini abayifunayo” kusho UNdunankulu.

SIBUSISO MAGWAZA KANYE NO CUTHBERT NZUZA

UNdunankulu waKwaZulu-Natal umnumzane uSenzo Mchunu uthe ngeke baze bakwamukele ukuthi kube nabantu abazohlala emigwaqeni yeTheku. Ukusho lokhu ngenkathi bevakashela abokufika abahlala kulemigwaqo kulandela udlame lwanyakenye. UNdunankulu ubehambisana neseKala-likaNqgonqgoshe wezaseKhaya uFatima Cholan.

Laba bokufika bayingxenywe yalaba abebhlala eGood Hope Farm kusukela ngonyaka odlule

ngenkathi kusuka udlame phakathi kwabokufika nabakuleli. Sekukaningi uHulumeni exoxisana nalelidlanzana ngokumele kwenziwe kwodwa kugcine kungenzekanga lutho ngoba lelidlanzana liphikisana nazozonke iziphakamiso zikaHulumeni.

Kokunye okubekwe UNdunankulu ukuthi zibuyele kulamanxiwa ebezihlala kuwo ngaphambi kodlame, noma zithuthelwe kwezinye izindawo ezikuso lesisiFundazwe, kanti elinye ikhambi bekuwukuthi zibuyiselwe emazweni ezivela

kuwo. UNdunankulu uthe abanengi kulelidlanzana ababeninkinga efana leyalaba babaleki sebakubuyela ezindaweni zabo kanti nempilo iqhubeka kahle.

Uqhube wathi ukuhlala emigwaqeni ngeke kuze kube isixazululo. “Siyazi ukuthi banamalungelo okuzikhethela nanokuthi bangakwazi ukuzithathela izingqumo kodwa akusho ukuthi kuzomele sense noma yini abayifunayo” kusho UNdunankulu. Kanti isekela likaNqgonqgoshe womnyango wezaseKhaya lithe laba babaleki

kuzomele bakhethe ukuthi bafuna ukwenzani. Uqhube wathi babengaphezu kuka 7000 abantu ababesenkingeni efana neyabo kodwa lesosibalo sesehle kakhulu kanti lokhu kukhombisa ngokusobala ukuthi izixazululo ezilethwa uHulumeni ziyasebenza.

OkaMacingwane uthe yize izimfuno zabo zizwakala kodwa akukho konke abakucelayo nokusezifisweni zabo uhulumeni angazibophezelela kukho.

Alikho izwe emhlabeni elingavuma isicelo sokuthi kunabantu abazohlala emigwaqeni,

futhi akukho izwe elake lavuma isimo esinjalo. Nabo emazweni abaqhamuka kuwo asikaze sizwe ukuthi kunabantu abahlala emigwaqeni. UMacingwane ukucacise ukuthi uhulumeni akakaze alaxaze inkundla yokubuyisana nokwakha isizwe sase-Africa. Yize kusenenhlese yokucwasana, okufanele umphakathi ukwazi ukuthi isizwe siphuma esikhathini esinzima sobandlulule. Okuwumqansa ukuthi impi yeminyaka ungayiqeda ngokusuku.



21ST INTERNATIONAL AIDS CONFERENCE
DURBAN ICC JULY 18-22, 2016

“Strengthening the Fight Against HIV and AIDS Pandemic”



ACCESS • EQUITY • RIGHTS NOW !

UNDUNANKULU UKHUMBUZE INTSHA UKUTHI UMZABALAZO OWALETHA INKULULEKO WAWUNZIMA

Lolubandlululo lwaletsha okukhulu ukuhlupheka futhi kwagcina neningi lezishosho ezazilwela lenkululeko zibhadla emajele, kanti iningi lafa ngazo lezozikhathi.

SIBUSISO MAGWAZA

Undunankulu waKwaZulu-Natal umnumzane uSenzo Mchunu ukhumbuze intsha ePeacetown, eMnambithi ukuthi lenkululeko esinayo yazuzwa ngomzabalazo owawunzima kakhulu. Uthe usuku olufana nolwenkululeko kufanele siluthande futhi siluhloniphe ngoba kukude lapho sivela khona. Uthe sekungumlando ukuthi izwe lethu like laqhoqhalwa ayidlanzana elimhlophe elalibusa ngobandlululo.

Uthe lolubandlululo lwaletsha okukhulu ukuhlupheka futhi kwagcina neningi lezishosho ezazilwela lenkululeko zibhadla emajele, kanti iningi lafa ngazo lezozikhathi.

Uqhube wathi namhlanje sigubha lolusuku njengezwe elibumbene, sigubha iminyaka engu 22 sakhululeka kodwa kubalulekile ukusho ukuthi lenkululeko ayizange itholwe mahala njengoba abaningi basala enkundleni.

Uthe ngesikhathi sobandlululo abamnyama babecindezelwe ngezindlela eziningi.

Kwakunezindawo la abamnyama babengavunyelwe ukutholakala kuzo futhi bengavunyelwe ngisho ukuhlala kuzo.

Yiwo uhulumeni wobandlululo owawuqagula ukuthi omnyama angasebenza kuphi.

Uthe okwakumxaka kakhulu ukuthi lohlumeni wobandlululo wawuhlukanisa ngisho nangezindlu zangasese ukuthi iyiphi okumele isetshenziswe omnyama.

OkaMacingwane uthi kuyamjabulisa ukuthi lohlumeni ophethe manje akabandlululi futhi unikeza wonke umuntu amathuba afanayo.

Uthe lokhu kuyilungelo okufanele silijabulele futhi silivikele njengabantu bakulelizwe.

Uthe izisebenzi zikahulumeni kufanele zisebenzele abantu.

Uthe sesadlula lesosikhathi la izisebenzi zikahulumeni nosopolitiki kwakuyibo ababalulekile.



Uthi izikhulu zikhethwe ngevoti ngoba kumele zisebenzele wonke umphakathi. Uthe ubuhlakani, imfundo ephakeme yikho okwenza uhulumeni asebenze kangcono, kodwa zonke lezizinto azisholutho uma umuntu ethi eseqashiwe ahlukumeze izakhamuzi.

Uqhube wathi imfundo namakhono ezinawo izisebenzi zikahulumeni mawasebenze ukuphucula izimpilo zabantu.

Ngaphambi kokuthi azokhuluma nabantu baseMnambithi, UNDunankulu uqale emalokishini iSibongile neSithembile eDundee nase Glencoe lapho efike wanikezela khona ngamatayitela ezindlu. Uthe kumthinta kakhulu ukubona lezizakhamuzi zijabulela ukubona umsebenzi owenziwe lohlumeni.

Uthe lokhu kukhombisa ngokusobala ukuthi lohlumeni uhlukile kulona wobandlululo owawehlukanisa abantu ngokwebala. Uthe kuyamjabulisa ukubona abamnyama nabaseNdiya behlala ndawonye kulezizindawo.

Uthe lokhu kukhombisa ukuthi sellide ibanga eselihanjiwe yize kusekuningi okusamele kwenziwe.

Ngenkathi enikezela itayitela kuNkosikazi Mitchell Goosen, UNDunankulu uthi lokhu kumkhumbuza owayenguMongameli wokuqala waleli uNelson Mandela.

Wathi lokhu kuyindlela enhle nekhuthazayo yokubonga kuleliqhawe lomzabalazo.




PROVINCE OF KWAZULU-NATAL
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

RAPE IS A CRIME

365 Days Anti-Women Abuse Campaign

UKUDLWENGULA KUYICALA

#NOCONSENTNOSEX



INHLOKO YOMNYANGO WEZOLIMO IHLONISHWE NGEZIKU ZOBUDOKOTELA

Ngingakuthanda ukusebenzisana nani, ngiqinisekise ukuthi lobu budlelwane isikhungo senu esinabo nezikhungo zemfundo ephakeme zase United States of America ezifana ne Spellman College

BUYANIMA-AFRIKA MKHULISE

Inhloko yomNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya, uDkt. Sipiwe Felix Mkhize, osanda kuhlonishwa ngeziqu zobuDokotela kwi Natural Sciences yiMangosuthu University of Technology (MUT) usezibophezele ukusebenzisana nani ndawonye nalesi sikhungo ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi abafundi abaphothula iziqu kulo mkhakha bahlonyiswa ngolwazi lwesimanje olusezingeni lomhlaba.

UMkhize obeyisikhulumi sosuku emcimbini wonyaka wokwethweswa kwabafundi iziqu zokuphuthula izifundo e MUT uthe umagange ukuthi aqalise ukusebenzisa isikhundla sakhe njengeNhloko umNyango wezoLimo kanye nobudlelwane bakhe nezikhungo zemfundo ephakeme zaphesheya kwezilwandle lapho ayefunda khona ukuze kufezuke umbono wokuthuthukisa kwezinga lemfundo nokufundisa. Emuva kokwemukela ukuhlonishwa kwakhe ngeziqu yiPhini leShansela lase MUT, uSolwazi Marcus Ramogale, uMkhize utshele abafundi nezethameli zalo mcimbi ukuthi ukuze imfundo kanye nohlonze

lwabafundi abakhiqizwa yilesi sikhungo likwazi ukugculisa izidingo zemboni eguququkayo kuzobaluleka ukuthi umNyango wakhe ne Mangosuthu University of Technology basebenzisane ngokubambisana.

“Ngingakuthanda ukusebenzisana nani, ngiqinisekise ukuthi lobu budlelwane isikhungo senu esinabo nezikhungo zemfundo ephakeme zase United States of America ezifana ne Spellman College, i-Iowa State University lapho nami engafunda khona kanye ne Florida A&M University buyavuselelwa futhi busetshenziswa ngendlela eyinzuzo,” kusho uMkhize.

UMkhize ufunde wagogoda e-Bari Institute esezweni lamaNtaliyane, e-Iowa State University eseMelika, e-University of Reading eseNgilandi, e-University of Stellenbosch, e-University of Pretoria kanti futhi uneziqu zaseHarvard University nayo eseMelika. Kuzo zonke lezi zikhungo wayefundela imikhakha ehlobene nezolimo ne natural sciences.

Uqhube wathi isifiso sakhe esikhulu ukuthi acobelelane nalesi sikhungo sase Mangosuthu University of Technology ngolwazi



Iphini leShansela laseMUT elibambile, uSolwazi Marcus Ramogale kanye neNhloko yomNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya, uDkt. Sipiwe Felix Mkhize, bajoyine ikwaya kanye nabafundi abebethweswa imiyezane kulesikhungo bashaya ingoma ukubungaza lomzuzu obalulekile. UMrhize yena uhlonishwe ngeziqu zobuDokotela ze Natural Sciences kulo mcimbi.

akaluthola ngenkathi eyingxenye yeKomidi le-Undergraduate Natural and Life Sciences Education to Prepare Research Scientists for the 21st Century elalibizwa nge BIO 2010. UMrhize owayeyinxusa laseMzansi Afrika elalizinze eMelika limele uMzansi ezindabeni ezithinta ezolimo emazweni aseMelika, e-Canada, e-Cuba kanye nase Mexico uthe i-BIO 2010 yabe ilikomidi lomhlaba elalinikezwe umsebenzi wokuqhamuka namaqhinga amasha okulungiselela ososayensi bezemvelo ukuba babe

ngabalolongwe ngolwazi olubenza bakwazi ukubhekana nezinselelo zesikhathi zesimanje nesizayo.

“Ngalolu lwazi, angingabazi ukuthi nalapha eMzansi i-sayensi yezolimo ingaguqulwa, hhayi kuphela nje ngendlela okwenziwa ngayo uchwano kepha nangendlela imiphumela yocwango idluliselwa ngayo kwabafundile kanye nomphakathi,” kusho yena. Uphinde wancoma indlela isikhungo saseMangosuthu University of Technology esikhuthalele ngayo ukuthola ulwazi olusha mayelana nezindlela

imboni eyenza ngayo izinto, ekuxhumaneni nabalimi abahwebayo mayelana nocwango, ukuthumela abafundi ukuyokwenza amalinge emapulazini kanye nokuwavakashela ngenhloso yokufunda.

Uphothule ngokunxusa abafundi ukuba nabo baqhubeke nokufunda, bazithuthukise ngokuhlala bexhumene nezikhungo zemfundo, behambele izinsuku zabalimi zokwabelana ngolwazi, bathathe nezifundo zesikhashana baphinde baqhubeke nokuthola ezinye iziqu.

Umnyango wezolimo uzogxila kwezesayensi ukubhekana nezinselelo zesomiso

BUYANIMA-AFRIKA MKHULISE

Izinselelo ezinzima eziphoswe yilesi sikhathi sesomiso emkhakheni wezolimo seziphoqe umNyango wezoLimo ukuba ugxile ezixazululweni zesayensi ukuze kunqotshwe inkinga yokusweleka kokudla kanye nokwenyuka kwamanani entengo yokudla KwaZulu Natali ngokusebenzisa uhlelo olubizwa ngokuthi yi-climate smart agriculture.

Ethula inkulumbo yakhe yesabelozimali, uMphathiswa wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya, uMnu. Cyril Xaba, uthe umNyango usukhethe ukuba uzishiye phansi izindlela zokulima nokufuya ezejwayelekile kepha ulandele

umgudu wokuqhamuka nezisombululo ezintsha ngokusebenzisa uchwano ngeseluveze izindlela zokukhiqiza ngempumelelo ngaphansi kwesomiso.

“Isomiso sisifundise ukuthi angeke kusalunga ukuthi siqhubeke nokulima okweywayelekile kepha sekumele sizishiye ngemuva izindlela zokulima nokufuya zakudala bese senza okusha siphinde sikhethe lezi zitshalo nemfuyo ekwazi ukumelana nesomiso kube yizo ezikhiqizwayo” kuchaza uXaba.

UXaba utshele amalunga esiShayamthetho ukuthi ukufuywa kwezimbuzi, ukutshala

ungalimanga, okubizwa nge No-Till, ukutshalwa kukabhontshisi we-soya, ubhontshisi owomile (dry beans), ubhatata, izindlubu, imbewu yombila ekwazi ukubekezelela isomiso, amazambane kanye nezinhlobo ezahlukene zotshani bokondla imfuyo sekuphenduke kwaba yinto ebaluleke kakhulu.

Uqhube wathi umNyango uzoqhubeka nomsebenzi wawo wokusabalalisa izimbewu ezikwazi ukubekezelela isomiso kanjalo nokuthola ezinye zalezo zitshalo ezivumelana nezimo zezulu ngokwezindawo ezahlukene.

Izindawo esekuqalwe khona ukulandelwa kwalezi zixazululo

zesayensi ngempumelelo kubalwa indawo yase Bergville, Winterton, Msinga Top ne-Creighton lapho amapulazi akhiqiza ummbila esebenzisa le ndlela ye No-Till.

“Ubuhle be No Till ukuthi ayiyiphazamisi inhlabathi njengoba kuvamise ukwenza igeja lona eligebhulayo liphendule umhlabathi.

Ngenxa yokuthi I No Till ayidingi ukuthi kuphendulwe umhlabathi igcina umswakama ungaphansi nokubaluleke kakhulu njengoba kunesomiso,”kusho uXaba.

EMzimkhulu, ngaphansi kukaMasipala wesiFunda i-Harry Gwala, imifelandawonke isikhethe ukutshala ubhontshisi we-soya

ngenxa yokuthi udinga amanzi amancane uma uqhathaniswa nommbila.

“EMsinga, eNkandla, kwaNongoma, eJozini, kwaMhlabuyalingana nakwaHlabisa – okuyizindawo okusale kukhalwa kakhulu kuzo ngenxa yesomiso – sesiqalise ukufuya uhlobo lwezimbuzi ezikwazi ukuchuma ngesikhathi sesomiso futhi ezidinga ukudla okuncane kunalokho okudingwa yizinkomo,” kusho uXaba.



“Isomiso sisifundise ukuthi angeke kusalunga ukuthi siqhubeke nokulima okweywayelekile kepha sekumele sizishiye ngemuva izindlela zokulima nokufuya zakudala bese senza okusha siphinde sikhethe lezi zitshalo nemfuyo ekwazi ukumelana nesomiso kube yizo ezikhiqizwayo”

UNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya, uMnu. Cyril Xaba

UMNYANGO USUBEKE U R50 MILLION WOKUNAKEKELA IMFUYO

Kubalulekile ukuthi siqinisekise ukuthi lezo zinkomo ezimbalwa abanazo ezisakwazi ukuzala zinakekelwe ukuze uma sekudlule isomiso baqale phansi baphembe ngazo.

BUYANIMA-AFRIKA MKHULISE

Njengoba ubusika sebusedeze, umNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya usubeke eceleni imali engu R50 million ezosetshenziswa ezinyangeni ezizayo ukufukula izinhlelo zokubhekana nomonakalo odlalwe yisomiso emfuyweni KwaZulu Natali. Umphathiswa wezoLimo KwaZulu Natali, uMnu Cyril Xaba, ukusho lokhu eSishayamthetho sesiFundazwe ngoLwesiHlanu lwesonto eledlule ngenkathi ethula inkulumo yakhe yesabelozomali

sonyaka wezimali oqale mhla zingu 1 Aphreli kulo nyaka. Ngokusho kukaXaba, inkinga enkulu ebhekene nabafuyi ezindaweni zasemakhaya ukuthi lesi somiso esibhubhise imihlambi eminingi esiFundazweni sibulale nalezo zinkomo ebisesigabeni sokuzala nosekuholele ekutheni abanye abafuyi basale bengenalutho qobo abangaqala ngakho baphembe uma sekubuya izimvula. “Ngenxa yesomiso, bese sifike esimweni lapho imihlambi ezalayo ifa khona nobesekuholele ekutheni abafuyi basale nemfuyo encane

abanye bengenalutho qobo abangaqala ngakho baphembe uma sekubuya izimvula,” kusho uXaba. UXaba uthe le mali engu R50 million izosetshenziselwa ukunakekela lezo zinkomo ezimbalwa abanazo ezisakwazi ukuzala zinakekelwe ukuze uma sekudlule isomiso baqale phansi baphembe ngazo ikakhulukazi njengoba kulindeleke ukuba isimo sibe sibi kakhulu kulobu busika obulandela isomiso. “Kubalulekile ukuthi siqinisekise ukuthi lezo zinkomo ezimbalwa abanazo ezisakwazi ukuzala

zinakekelwe ukuze uma sekudlule isomiso baqale phansi baphembe ngazo,” kusho UXaba. Le mali yakamuva ilandela isamba semali esingu kuka R220 million esikhiswe ngonyaka odlule nesadala ukuthi umNyango ukwazi ukuthi utakule ngaso abalimi abakhahlanyezwe yisomiso ngokuthenga amanzi, ukudla, imithi yokukhipha izikelemu emfuyweni kanye nokumbiwa kabusha kwamadamu. UXaba uqhube wathi ezikhathini ezingi lapho ekade enemihlangano khona nabafuyi, ukhulumile nabo egcizelela isidingo sokudayisa

imfuyo engasazali ebacebisa ukuthi ukudayisa imfuyo yabo akusho ukuthi bayayilahla kepha wathi kungukuyivikela ekutheni ibhuqabhuqwe isomiso. “Uma beyidayisile imali abayitholayo bangayibeka ebhange ukuze bakwazi ukuthi baphinde bazithengele izithole ezintsha baphinde baqale phansi bafuye uma isomiso sesidlulile kunokuba bayigcine esibayeni bayibuke ifa yonke bengazuzi ngisho isenti ngayo,” kuchaza uXaba.

Injabulo kunxeshezela abasuswa nguHulumeni wobandlululo e-Verulam

SIMPHIWE NDWANDWE

Kunxeshezela ngezizumbulu zemali abantu abaxoshwa nguHulumeni wobandlululo emishini yebandla iMethodist elalizinze eVerulam ngaphandle kwaseThekwini ngeminyaka yama-60s. Indumezulu yomcimbi wokujabulela ukwemukela amasheke emali engu-R5.7 million atholwe yimindeni engu-52 yenzelwe ehholo ledolobha iTheku muva nje. Izinkumbi zabantu ababehlala kuleya mishini ngeminyaka yawo 1960 kuya ko-1970 zigcwele ihholo leTheku bezoba ngofakazi bokuzibonela kwenzeka le ngqophamlando. IPhini likaNgqongqoshe wezeMihlaba nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya kuzwelonke, uMnuz Mcebisi Skwatsha, noNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnuz Cyril Xaba, bebeyingxenywe yezicukuthwane ebezethamele lo mcimbi. Isiyonke imindeni ehlo mulile kulesi sinxephezelo ingu-52 kanti yakhiwe ngamalungu angu-217 azozuza kule mali. Umphakathi wawuhlala emhlabeni ongamahektha angu-11 ngaphambi kokuba kufike abezimishini ababe sebebathathela indawo yabo yaphendulwa kwaba yimishini kwathi abomsinsi wokuzimilela bafana neziqashi.

Ngokuhamba kwesikhathi kwakhona lokho kwashabalala njengamazolo ebona ilanga nxashana besuswa ngesidlozana beyobekwa eNtuzuma nguHulumeni wengcinezelo. Lo mphakathi uqoke ukuthi unikezwe imali esikhundleni somhlaba ngoba lapho osuzinze khona manje awusenakugudluka kwazise usuwaqala impilo entsha futhi abanye banodukathole bemizi abangeke bayishiye kanjalo babuyeke emanxiweni. UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMhlonishwa uXaba, uthe lokhu kufana nokubuyiselwa kwesithunzi sabantu bakuleya ndawo esanukubezeka ngesikhathi salezi ziyaluyalu. Uthe ukususwa kwabantu eVerulam kwaba wudume lwengozi kwazise babezimele kwezomnotho, belimile futhi befuye imisadula yezinkomo. Isandla sobandlululo sabavithiza sabaqeda basala bedla imbuya ngothi. OkaNonkosi uthe uqabuleka ekujuleni kwenhliziyo uma ebona imiphakathi ibhiyoza uma isithole izinxephezelo kwazise lokho kusuke sekuchaza ukuthi bavula ikhasi elisha empilweni yabo. Yize kunjalo uthe ubunzima abantu ababhekana nabo ngesikhathi bexoshwa ezindaweni



Kusuka kwesokunxele uMqondisi oMkhulu weCommission on Restitution Land Rights u-Advocate Bheki Mbili, IPhini likaNgqongqoshe wezeMihlaba nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya, uMnuz Mcebisi Skwatsha, ISishosho samalungelo abantu baseVerulam uMama Victoria Sabela, uNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya eKZN, uMnuz Cyril Xaba nelungu lesishayamthetho elihloniphekile uNksz Lindiwe Bebe ngesikhathi kunikezelwa ngesheke eliyisinxephezelo sika-R5.7 million eThekwini. **Isithombe: MBUYISELO NDLOVU**

zabo kungelinganise nalutho ngoba babugubuzelwe wunya olubi. Ukunxeshezela kwalolu hlobo kuchaza ukuthi kumele kuhlatshelwe phambili nentuthuko yezakhamizi zaseNingizumu Afrika futhi kuyekwe lokho kuhlale emlandweni kodwa kungakhohlakali. Intuthuko ayishilo yileyo yokugxila ebhizinisini lezolimo nemikhiqizo njengalokhu ematasa nonyaka efaka lolu hlelo ebantwini, ikakhulukazi labo ababuyelwe ngumhlaba. Uphethe ngelokuthi uHulumeni uzimisele ukuthi kuqinisekise ukubuyiselwa komhlaba kubantu ngokuphazima kweso futhi ngendlela ehloniphekile nenesizotha. Umnqamulajuqu wokufakwa kwezicelo zokubuyiselwa umhlaba uyoze

ufike ngoJuni 2019. Inselelo ayiphonsele abantu ababehlala kuleya ndawo ngeyokuthi babhale umlando ngakho konke abadlula kukho kuleya ndawo ukuze izizukulwane zabo zifunde kabanzi ngalokho abadala abadlula kukho ngezikhathi zengcinezelo. Isishosho samalungelo abantu abasuswa eVerulam, uMama Victoria Sabela, obejabule kakhulu, uthe usengalala kobandayo aphumule manje ngoba lokhu akade bekulwela iminyaka eminingi sekugcine kufezekile. Uthe abantu ayeqale nabo ngesikhathi beqala ukusebenza udaba lokubuyiselwa umhlaba sebashona ngakho kube ngumusa kaSomandla ukuthi kube nguyena osalda amabele abone

abantu bakubo behlomula. IPhini likaNgqongqoshe wezeMihlaba, uMnuz Skwetsha, lithe indlela abasuswa ngayo endaweni yabo ikhombisa ukuthi uHulumeni wobandlululo wawuzimisele ngempela ukubabona beswele umhlaba. Uthe ngaphambi kokuba basuswe kwaqala kwaqale kwancishiswa indawo abantu ababenayo yaba yiziqeshana okwenza kwaba nzima ukuthi balime. Ngokuhamba kwesikhathi babe sebekhishwa nje ngokuphelele endaweni yabo. USkwetsha ucele ukuthi umphakathi usebenzise imali oyitholile ngendlela ephusile futhi uqinisekise ukuthi ishintsha impilo ngokubonakalayo.





UNKONYENI UHLANGANE NEMIKHANDLU EMELE ABAFUNDI

“Sizohambela zonke iziFunda sihlangane nemikhandlu emele abafundi ukuze siyicije nayo ibe uhlobo oluzoba namagalelo ekuphuculeni imfundo esiFundazweni sethu,” kuphetha uMphathiswa.

MBALI ZULU

UMphathiswa weZemfundo KwaZulu-Natali, uNeliswa Peggy Nkonyeni uhlanganele nemikhandlu emele abafundi (RCLs) ngaphansi kwesifunda i Harry Gwala ku Mkhandlu uMuziwabantu zingu 23 ku Mbasa 2016. Inhloso yalomhlangano phakathi kwa Mphathiswa uNkonyeni nabafundi ukungenelela nokuqinisekisa ukuthi abafundi kusukela emabangeni aphantsi kuya kumatikuletsheni imiphumela yabo iba sezingeni elifanelekile, nokuqinisekisa ukuthi bayaphumelela kumatikuletsheni. Lomhlangano owathatha usuku

lonke lapho kucutshungulwa imikhakha ehlukahlukene ngaphansi koMnyango weZemfundo wawudingidwa ngaphansi kwezinhlobo ezinhlanu okwakukhulunywa ngaphani kwazo 1. (Special Needs Education Services) okuwuhlaka olubhekelele abantwana abanezingqinamba ekufundeni 2. (Exam) okuwuphiko elubhekene nezokuhlola kusukela emabangeni aphantsi kuya kumatikuletsheni. 3. (School Governance and Management) okuwuphiko oluqondene nokuphathwa kwezikole nolubhekene nomkhandlu wabafundi (RCL s) 5. (Student

Parliament) okuyiphalamende labafundi lapho behlangana khona bedingida izindaba zokufunda nokufundisa. Abafundi bebephume ngobuningi babo bezolalela uMphathiswa nabo bezovuselela usiko lokufunda nokufundisa baphinde bagcizelela ukubaluleka kwemfundo ezimpilweni zabo. Ekhuluma uMphathiswa uphinde waveza noma wabalula ngomqulu wamaqhinga okuphucula nokwenza mihle imiphumela yamabanga aphantsi kanye nomatikuletsheni. Ekhuluma enkulumeni yakhe Umphathiswa ugcizelele kubafundi ukubaluleka kwabo ukuba babe yingxeny

kumaphalemende abafundi njengoba ezosungulwa ezikoleni zabo. “Ngiyanimema eMajuba ngomhlaka 5 kuNhlabathi 2016 sizobe siyogcoba ngokusemthethweni iPhalamende labafundi esikoleni iPhendukani Full Service High School elokishini lase Madadeni. Lapho abafundi bayobe benaba khona ngezindaba eziqhina ukufunda kwabo”. Omunye wabafundi oqhamuka esikoleni iZwelibanzi High School uncome kakhulu loluwazi alutholile ngokuhlanyela kulomhlangano. Umfundi uphinde waveza ukubaluleka kobudlelwano obuvulelekile phakathi kukathisha

nomfundi. “Uma lokhu kwenzeka umfundi uzizwa amukelekile noma ezobika udaba oluyimfihlo kuthisha, abenethemba lokuthi imfihlo yakho iphephile,” kuchaza umfundi. Abafundi baluthokozele lelithuba lokuzohlalana noMphathiswa bebonisana ngezidingo zabo njengabafundi nokuthi yini engenziwa ukuze bakhuphule izinga lempumela yabo. “Sizohambela zonke iziFunda sihlangane nemikhandlu emele abafundi ukuze siyicije nayo ibe uhlobo oluzoba namagalelo ekuphuculeni imfundo esiFundazweni sethu,” kuphetha uMphathiswa.



2016: A YEAR OF ACCOUNTABILITY AND QUALITY MANAGEMENT

TOGETHER MOVING SOUTH AFRICA FORWARD THROUGH QUALITY EDUCATION AND SKILLS DEVELOPMENT



MS NELISWA PEGGY NKONYENI, M.P.L. KZN MEC FOR EDUCATION

UDHLOMO UKHUTHAZA UMPHAKATHI UKUZIHLOLELA IZIFO

Iqiniso ukuthi abantu besilisa bahlala njalo behamba bethi abayi ukuyobona uDokotela. Bazama ngawo wonke amandla ukuthi ngisho begula bengayi ukobona uDokotela.

Abesilisa kuzomele bame manje ukuhamba betsakela ontanga yabo ngokuthi sekuphele iminyaka bengamboni uDokotela, ngoba lokhu kubafaka ingcindezi ukuthi bafune ukuqhubeka naleli-rekhodi - noma sebegula.

Futhi izinga lesifo sofuba lingehla uma abantu bengahlala njalo ngokuyohlololwa izifo, baphinde baqinisekise ukuthi bahlala ezindweni ezinomoya oheleza ngokukhululeka, bazivocavoce, futhi bayeke ugwayi notshwala phakathi kokunye.

Lona umbono weNhloko yoMnyango wezeMpilo KwaZulu-Natal, uDkt. Sifiso Mtshali, obethula inkulumo embungazweni wesifo sofuba (World TB Day) emkhandlwini iLembe KwaDukuza e-Stanger. Isifundazwe saKwaZulu-Natal sinesibalo esiphezulu sabantu abakhungethwe isifo sofuba, kulandele isifundazwe sase-Eastern Cape, kuze i-Gauteng kugcine i-Western Cape.

INhlangano yezeMpilo emhlabeni (World Health Organisation) ithi izingane ezineminyaka engu-15 zisemathubeni angu-15% kuya ku-20% wokuthi zithole isifo sofuba.

UDkt Mtshali uthi yilezi zizathu ezenza ukuba kube nomkhankaso wokuqwashisa ngokubhebhetheka kwesifo sofuba kuchaza uDkt. Mtshali: “Isifo sofuba sithathelana ngomoya kodwa siyalapheka. Uma umuntu enesifo sofuba ekhwehlela noma ethimula, lawo magciwane ahamba ngomoya.

Ngakho lelo gciwane uma like lahogwelwa umuntu uyakwazi ukuthi asithole kanjalo isifo sofuba.” Nokho uDkt Mtshali uzwakalise ukukhathazeka ngezizathu

ezahlukene, wathi baningi abantu abeza ezikhungweni zezeMpilo sebegula kakhulu. “Sicabanga ukuthi sisebenzise lelithuba elinjengaleli ukukhanyisela amalungu omphakathi ngezimpawu zesifo sofuba, siphinde siwagqugquzele futhi ukuthi labo abasola ukuthi sebenaso bavakashele izikhungo zezeMpilo eziseduzane nabo.”

UDkt. Mtshali unxuse abesilisa ukuba babe yingxeny yabantu abafuna ukuhlala bephilile kahle njalo. “Iqiniso ukuthi abantu besilisa bahlala njalo behamba bethi abayi ukuyobona uDokotela.

Bazama ngawo wonke amandla ukuthi ngisho begula bengayi ukobona uDokotela. Bagcina sebethembele emakhosikazini abo nakulabo abahlekisana nabo ukuthi kube yibo abazobatshela uma sebebuya ukuyohlolola igciwane lesandulela-ngculazi, noma isifo sofuba.

Uthola ukuthi omunye wenza ngisho ibraai ngoba ejabulela ukuthi uNkosikazi wakhe noma loyo ahlekisana naye ubeyohlola wathola ukuthi akakabi nalo igciwane kungaba elengculazi noma isifo sofuba.

Lokho akusizi nhlobo, njengoba kuvamisile ukuthi uma ababili behlekisana uthole ukuthi omunye kuzotholakala ukuthi akanalo igciwane kanti omunye unalo.

Okumqoka ukuthi wonke umuntu aqikelele ukubheka impilo yakhe, ngokuthi ayohlola noma kanye njalo ngonyaka.”

UDkt Mtshali uthe isifo sengculazi kanye nesofuba zivamise ukuhlobana, njengoba isifundazwe saKwaZulu-Natal sinabantu abangaphezulu kuka-60% abanegciwane lengculazi abakhungethwe isifo sofuba. “Uma



UDkt Sifiso Mtshali oyiNhloko eMnyangweni wezeMpilo KwaZulu-Natal kanye ne-Meya ye-Lembe uKhansela Welcome Mdabe behola umkhankaso wokulwisana nokuchithwa kwezisu okungekho emthethweni.

umuntu ephethwe isifo sengculazi, makhulu amathuba okuthi aphathwe nayisifo sofuba.

Namhlanje sifuna ukuthi sitshale abantu ukuthi ikhona imishanguzo okumele ithathwe abantu abaphila nesifo sengculazi evikela ukuthi bangasitholi isifo sofuba. Lomshanguzo ubizwa ngokuthi i-INH Prophylaxis treatment (IPT). Ngakho singasiqeda nya isifo sofuba kubantu abaphila nesifo sengculazi.” Izimpawu zesifo sofuba yilezi: Ukukhwehlela esekuthathe ngaphezu kwamasonto Amabili, Ukujuluka kakhulu ebusuku, Ukukhathala ngokweqile, Ukonda emzimbeni, Izinhlungu esifubeni, Kanye nokukhwehlela igazi.

UDkt Mtshali uthe labo okutholakala ukuthi banesifo sofuba kubalulekile ukuthi bathathe ngendlela imishanguzo yabo. “Isifo sofuba siyelapheka uma uyiqeda imishanguzo yakho ngendlela.

Kumqoka ukuthi ungayeki ukuphuza imishanguzo yakho, ngoba uma uyeka ukugula kukuxina kakhulu.

Lemishanguzo uyithatha izinyanga ezingu-6 ukuze siphele kahle lesisifo.”

“Kwesinye isikhathi abantu abayiphuzi imithi yabo ngendlela, bese igciwane libhebhetheka lifika esigabeni esibizwa ngokuthi i-(Drug Resistant TB). Lesisigaba sesifo sofuba kunzima kakhulu ukweselapha, futhi kungathatha

isikhathi esisukela eminyakeni emibili kuya eminyakeni emithathu, ujova zonke izinsuku.” UDkt Mtshali uthi isizathu esenza ukuthi beze emkhandlwini we-Lembe ukuthi lendawo ingenye yezindawo ezikhungethwe isifo sofuba kulandele UGu, UThungulu bese kuba yi-Theku. Nokho uMnyango ukulungele ukubhekana nesifo sofuba emkhandlwini iLembe njengoba unalezizinsiza ezilandelayo: Imitholampilo engama-33 e-Primary Health Care; Ama-Community Health Centres ama-2; Izibhedlela ezi-3 zomkhandlu; Isibhedlela esisikhulukazi sesifunda Kanye nonoMpilo abanga-174 .

UNgqongqoshe wezempilo KwaZulu-Natal udlulise amazwi enduduzo

UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo udlulise amazwi enduduzo emindenini yabahlengikazi ababili ababulawe ngesihluku ezigamekweni ezahlukene kulenyanga edlule.

Umndeni, izihlobo, abangani nozakwabo baka Nkosz Thabisile Doyisa obeneminyaka engu-46 ubudala basashaqekile kulandela

ukudutshulwa kwakhe esekhaya e-Napierville eMgungundlovu ngesonto eledlule.

Kusolwa ukuthi uNksz Doyisa ubengena nje ekhaya kubo ngesikhathi edutshulwa ebulawa.

UDoyisa ubengumhlengikazi, kanti ubesebenze e-Edendale kusukela ngo-1992. UDoyisa uchazwe ngozakwabo njengomuntu ozithobile futhi emela

noma isiphi isimo, ezimisela emsebenzini wakhe, futhi ezinikela. Ekuqaleni kuka-Ephreli, uNelisiwe Shelembe oneminyaka engu-28 ubudala obengumhlengikazi esibhedlela i-Grey’s wase-Mgungundlovu naye wadutshulwa washona ngesikhathi esendleleni eya emsebenzini.

UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Dhlomo

zimuthuse kakhulu lezi zehlakalo zokudlula emhlabeni kwalaba bahlengikazi ngalolu hlobo.

“Ukudlula emhlabeni komhlengikazi isehlo esinzima kabi, kanti yinto engemukelekile njengoba kusibuyisela emuva ngokwemizamo eyenziwa uMnyango wezeMpilo ekuhlinzekeni umphakathi ngezeMpilo. Kwesikuzwile ukuthi

laba bahlengikazi bobabili bebengabantu abebezinikela emsebenzini, nokuzoba nzima ukuthola abazofana nabo. Sifisa ukudlulisa amazwi enduduzo amindenini yabo, kubangani nako zakwabo. Sinethemba lokuthi abenzi balokhu bazobhekana nengalo yomthetho bajeziswe ngokufanele,” kusho uDkt Dhlomo.



UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo

“Ukudlula emhlabeni komhlengikazi isehlo esinzima kabi, kanti yinto engemukelekile njengoba kusibuyisela emuva ngokwemizamo eyenziwa uMnyango wezeMpilo ekuhlinzekeni umphakathi ngezeMpilo.”

ISIKOLE SIKANOKUSHO KWAHLABISA SIWUPHAWU LOKUZIBOPHEZELA KUKAHULUMENI EKULETHENI INTUTHUKO EZINDAWENI ZASEMAKHAYA

Ngaphandle kokuzuza ngokwamathuba emisebenzi ngesikhathi kwakhiwa lesikole iSisizakele, amalunga omphakathi abuye athole nethuba lokuqeqeshwa ngokwamakhono ehlukene ezokhwakha

SPHIWE MAPHUMULO

Ukulethwa kwentuthuko yohlobo oluphambili ezindaweni ezisemakhaya ezifana nakaHlabisa, eNdumo nakwezinye izindawo kungenye kwemigomo nokuzibophezela kukaHulumeni wesiFundazwe saKwaZulu-Natal. Inhloso yalokhu ukuqinisekisa ukuthi intuthuko ilethwa emphakathi lapho ihlala khona ukuze amalungu omphakathi angahambi amabanga amade ukuze athole izinhlelo zentuthuko. Nomphakathi waku-Ward 2 kwaHlabisa ngaphansi kukamaziphathe wase-Bambanana Tribal Authority ungomunye wemiphakathi ehlumulile ngokwakhiwa kwesikole iSisizakele Special School ngesamba semali ewu-R103 747 342.20 ukuze kusizakale izingane ezinokukhubazela. Kulesi sikole uMnyango wezeMisebenzi yoMphakathi (Public Works) ubambe elikhulu iqhaza ngesikhathi kwakhiwa amakilasi, amahhovisi ezokuphatha (admin block), isitezi sendawo yokufundela amakhompuyutha, igumbi lokufundisa ngezokuxhumana (media centre), ihholo lesikole, indawo yokuphekela, indawo yokuwasha (laundry) njengoba lesikole sinamahositela okuhlala abafundi abalinganiselwa emakhulwini amabili, nawo akhiwe yiloMnyango kubandakanya nezindawo zokuhlala oThisha.

Kubuye kwakhiwa nendawo yokudlela kanye neyokuphumula efakwe ngisho nomabonakude, kukhona negumbi lokuxoxa ngezinto eziyimfihlo (counselling suite); izindawo zokudlala nezokupaka izimoto. Ngesikhathi kwenziwa yonke lemisebenzi, kuqashwe amalungu omphakathi angamakhulu amathathu namashumi amabili nantathu (323) ngaphansi kohlelo lwe-Expanded Public Works Programme (EPWP). Phakathi kwabo abangamashumi amahlanu nane (54) ngabesifazane asebekhulile nabasebasha, kanye nabesilisa abangamakhulu amabili namashumi ayisithupha nesishiyagalolunye (269) okukhona phakathi kwabo abesilisa asebekhulile kanye nabesebasha nabazuze imali elinganisekwa ku R 38 755 132.86 ngokwamaholo e-EPWP. Ngaphandle kokuzuza ngokwamathuba emisebenzi ngesikhathi kwakhiwa lesikole iSisizakele, amalunga omphakathi abuye athole nethuba lokuqeqeshwa ngokwamakhono ehlukene ezokhwakha ngesikhathi lomsebenzi usaqhubeka. Imiphakathi yasezindaweni zasemakhaya izohlale njalo ibhekelelwe uHulumeni uma kuza ngasohlelweni lwezentuthuko. Lindela nawe uHulumeni useza ngakini uma ubengakafiki.



Isithabathaba sesikole i-Sisizakele ku-Ward 2 KwaHlabisa



Isikhungo sama-Khompuyutha ngaphakathi esikoleni i-Sisizakele kwaHlabisa

KwaMashu uyaqina umbhidlango wokulwa nezidakamizwa ezikoleni

HLENGIWE BLOSE

Izimo intsha ephuma kuzo emakhaya zivamisile ukwenza ukuthi izithole isisebenzisa izidakamizwa, kanti lokho kwenza sibe sikhulu isidingo sokuba kunakekelwe izingane. Lamazwi ashiwo omunye wabaholi bentsha, uMnumzane Sphesihle Mfeka, wakwaMashu, ngenkathi eyala abafundi bezikole ezahlukahlukene zendawo, kanye nabazali, emcimbini wokulwa nezidakamizwa obuhlelwe uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi, ngokubambisana nenhlangano yabafundi, Congress of South African Students (Cosas), obusenkundleni yezemidlalo i-Princess Magogo Stadium. UMnumzane Mfeka, uthi naye ubengene shi enkingeni yokusebenzisa izidakamizwa, uqhube wathi: “Uma ungumzali oqotho awuyithengi into edayiswa abafana. Mina ningibona nje, ekhaya kwakuhlehla ibhakede, akhwxelele isikhwama sakhe umama uma esula phansi, ngenxa

yokuthi ngase ngingathembekile. Ngosizo loMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi ngikwazile ukuphuma kuzo. “Lomcimbi ubuhanjelwe abafundi, izinhlaka ezizimele abafundi, abazali, abezenkolo, abezomthetho, izinhlaka ezahlukahlukene ezilwa nesihlava sezidakamizwa, kanye namalunga omphakathi kushiwo ngazwi linye kuthiwa: ‘Phansi ngezidakamizwa, phansi!’ Usuku luqale ngokuthi uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, ahambele izikole ezimbili zendawo, i-Zeph Dhlomo kanye neMzuvele, waphinde wahola imashi ephelele ezinkundleni zemidlalo i-Princess Magogo Stadium, lapho uMengameli weCosas, ethule uhlu lwezikhazazo nezicelo zabafundi eyamukelwe uNgqongqoshe uThusi. Ethula inkulumbo yakhe, uNgqongqoshe uThusi uthi: “Namhlanje sizobuyisela iKwaMashu kithina, sibaphuce

abantu asebeyenze isizinda sezidakamizwa. Izikole enifunda kuzo akuyona indawo yezidakamizwa. Sizolwa nalesi sihlava esingenile la nokugcine ngokuthi kube khona abantwana abashonayo kulendawo ngenxa yezidakamizwa. “Imiphumela yokusebenzisa izidakamizwa mibi futhi ibuhlungu. Uba ingozi kuwena nakubazali bakho uma usuzisebenzisa. Kulabo abangakangeni kuzo, ningabe nisingana. Kulabo asebenzenile, sikhona ukunisiza. “Intsha yango-1976 yayibhekene nenye impi. Nina njengentsha yanamhlanje nibhekene nezinye izinselelo. Enye yalezo zinselelo yizo izidakamizwa. Thina njengoMnyango sinikezwe umsebenzi wokubheka inhlalakahle yenu.” kusho okaThusi. UNgqongqoshe wethule izinhlelo uMnyango wakhe onazo lapho ebale khona lolu olwaziwa ngokuthi iKe Moja, i-Teenagers Against Drug Abuse (TADA), i-



Young People Against Drug Abuse (YADA), kanye ne-SMART Clubs. Uthe: “Sizothula ama-SMART Clubs ezikoleni zenu ngoba sifuna ningangeni ekusebenziseni izidakamizwa, futhi lezi yizinhlelo ezizohlale ziqhubeka ezikoleni zenu, sisebenzisana neminye iminyango kahulumeni ukulwa nezidakamizwa ngoba sifuna nibe nekusasa elingcono.” Ekhumla ebhekise kubazali, uthi: “Ake sibe

abazali abakwaziyo ukubhekelela abantwana bethu. Asidlale indima yethu njengabazali. Asibe abazali abayikhathalelayo imindeneni yethu. Asibe abazali abaqotho. Sinazo izinhlelo eMnyangweni ezibhekelele nokuthi umndeneni uphathwa kanjani. Siyacela bazali nisondele eMnyangweni wezokuThuthukiswa koMphakathi. Sizimisele ukubambisana nani, silwe nalesi sihlava.”

UMNYANGO WEZEZIMALI UBAMBISANE NO NGCWETI UQEQUESHA INTSHA NGOKUPHATHWA KWEZIMALI

UNgqongqoshe wezezimali, uNkk Belinda Scott, iNhlolo yoMnyango, u Mnuz Simiso Magagula, bebambisene ne thimba le South African Institute of Chartered Accountants (SAICA) bebethula ngokusemthethweni uhlelo oluzobhekela oluzozinza kulo mnyango oluzobhekela uqeqeshwa kwentsha ngokuphathwa kwezimali zesiFundazwe sakwaZulu-Natal. Lokhu kulandela ukugunyazwa koMnyango kaMgcini Mafa ukuthi uphathe ezokuqeqeshwa kwabafundela ukuba ngongoti kwezokuphathwa kwezimali, ama Chartered Accountants, nokuyigalelo elibalulekile kakhulu ekuphathweni kwezimali. Lomcimbi ubusehhotela eLangeni, enhla neTheku ngoLwesibili ngokubambisana nabakwa SAICA. UNkk Scott, uchaze ukubaluleka kwalolu hlelo wathi lungundabuzekwayo emagalelweni ake abakhona emkhakheni

wezokuphathwa kwezimali kuhulumeni. “Sincane isibalo kulesi siFundazwe sabantu abanamakhono noma abakufundele ngokugcwele ukuphatha ezezimali. Ngalesi zathu imali eningi iyamoshwa. Imali emoshekayo siyithatha njengemali ebeyingasiza ekwenzeni omkhulu umehluko ekuhambiseni intuthuko emphakathini. Sifuna ukuqikelela ukuthi abantu esibafaka ezikhundleni zokuphatha ezezimali kuba yilabo abaqeqesheke ngokugcwele ekuphathweni nasekusetshenzisweni kwezimali,” kusho uScott. OyiNhlolo yakwa SAICA, uDkt Terrence Nombembe uthe isiFundazwe sakwaZulu-Natal singesinye salezo eziyisibonelo ngokuqhamuka nalolu hlelo. “Seniqale ngabafundi abathathu vele, sinesiqiniseko sokuthi laba

abaphezu kokuqeqeshwa njengamanje nabafakwe emnyangweni kaMgcini Mafa yibona abazowenza umehluko kulesisfundazwe. Abanye abazolandela, bazokwenza ukuthi lube lukhulu ushintsho ekuphathweni kwezimali kulesi siFundazwe. U-Phakamisa Stamper oqhamuka eHhovisi likaMgcini Mabhuku KwaZulu-Natal, ube esedalula ukuthi “bashoda kakhulu abantu abaqeqeshelwe ukugcina izimali lapha eNingizimu Afrika, kakhulukazi ezikhungweni zika hulumeni”. Ube esethi lolu hlelo luzosiza ekulwisaneni nokushoda kanye nokudingeka kwama-(Accountants) kanye nama-(Auditors) anolwazi ngezinhlelo nezikhungo zika hulumeni ukuqinisa ukuphathwa kwezimali kanye nokubusa ngokwentando yeningi.



UNgqongqoshe wezeziMali, uNkk Belinda Scott kanye no Dkt Terrence Nombembe kanye nethimba ebelihambele lomcimbi eThekwini.



“Sifuna ukuqikelela ukuthi abantu esibafaka ezikhundleni zokuphatha ezezimali kuba yilabo abaqeqesheke ngokugcwele ekuphathweni nasekusetshenzisweni kwezimali,”

UNgqongqoshe wezezimali, uNkk Belinda Scott

Imiklamo ye-EPWP ifaka isandla ekuthuthukiseni intsha

SANE KHUMALO-MBHENSE

Uhlelo lwemisebenzi yomphakathi esatshalalisiwe (EPWP) lusayibambe ngako ekwenzeni umsebenzi walo oluwumiselwe wokuqeda ububha kanye nokungabibikho kwamathuba omsebenzi esiFundazweni. Iningi lemindeni ehlwempu iyahlomula kulolu hlelo kanti nomphakathi wakuMasipala uVulamehlo ungomunye wemiphakathi ehlomulile. UMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi KwaZulu-Natali ubambisene nowezeMisebenzi Yomphakathi Kuzwelonke uqeqeshe intsha eyishumi (10), okungabesilisa nabesifazane bakuMasipala uVulamehlo maqondana namakhono omkhakha we-Building and Civil Construction. Laba abayishumi babe sebeqashwa ngenkathi kuqalwa umklamo wokwakhiwa kwesikole i-KwaSoni, eNkwali. Lokhu kuqeqeshwa kuthathe izinsuku ezingu-44 emva kwalokho kwaba nomcimbi ojabulise kakhulu wokunikezelwa kwezitifiketi. Lokhu kube yimpumelelo enkulu impela, ngisho nasemphakathini waseNkwali oze ukuzobungaza lo mcimbi ehholo lesikole. UNk Philisiwe Mgabhi, ilungu lomphakathi ophinde abe ilungu lesigungu esilawula isikole

uhalalisele bonke abahlomule kulolu hlelo ngempumelelo yabo. UNk Smangele Msimango, ongomunye wabahlomulile uthe “Ngithanda ukubonga uMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi ngokusihlinzeka ngaleli thuba; bengingazethembi- bencicabanga ukuthi angeke ngaphumelela kulolu hlelo njengalokhu ngingowesifazane, kodwa ngazitshela ukuthi angeke ngahluleka, nakhu-ke namhlanje sengamukela isitifiketi esithi mina.” Uqguquzele nentsha ukuthi ibeke imfundo phambili. Waphetha ngokuthi, “Intsha kumele igxile emfundweni ukuze ikwazi ukwakhela izingane zayo ikusasa eliqhakazile.” UMnu Sibonele Gumede ohlala endaweni yaseNkwali uthe ikati belilala eziko ekhaya ngaphambi kokuba aqokwe abe yingxenye yalolu hlelo. “Akekho osebenzayo ekhaya ngakho-ke ngale madlana yokuqinisa iphakethe engiyithola lapha, sengiyakwazi ukufaka isakazana lempuphu ekhaya.” kusho uSibonele. Kube intokozo yodwa emphakathini ukunikezelwa kwezitifiketi ze-Building and Civil Construction Skills kulentsha yakuMasipala iVulamehlo ngokwe-EPWP. UMnyango uyazigqaja ngokuletha uguquko empilweni



UNk Smangele Msimango ngenkathi emukela isitifiketi sakhe se- Building and Civil Construction Skills kuMnu Veli Jiyane –weZemisebenzi Yomphakathi kuZwelonke. **Isithombe: SIBONGILE DLANGALALA**

yabantu. Uguquko olulethwe ngumnyango ezimpilweni zabahlomula ezinhlelweni zawo lubonakala kahle kakhulu ngokuthi bathola nemali yokuqinisa iphakethe. Kumele kubalulwe ukuthi uma nje seluphothuliwe uqeqesho, umnyango kanye nabo bonke omasipala ababandakanyekayo

bazobafaka laba abahlomulile kwezinye izinhlelo zokuqhubeka nokubaqeqesha baze babe ngabaqeqeshwe ngokugcwele. Singasho ngokungananazi ukuthi ukuqedwa kobubha akukona kuphela okubhekelelwa ngalolu xhaso kodwa kubhekelelwe nokunikezelwa kwentsha ngamakhono ahlabahlosile ukuze

izakhele ikusasa eliqhakazile, okuyinto eyofukula umnotho wesiFundazwe. Kepha-ke, le nqubekela phambili ihambisana nokuzibophezela, ukuzinikela kanye nokuba nenjongo yomuntu ohlangothini lwabo bonke abahlomuli ababambe iqhaza kulo mklamo.



UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya eKZN, uMnuz Cyril Xaba neNhloko yoMnyango, uDkt Sipiwe Mkhize, benikeza uMnuz Khumbulani Radebe umklomelo oyisipesheli ophuma kuNgqongqoshe onikezwa. **Isithombe: MBUYISELO NDLOVU**

UKUSEBENZA NGOKUZIKHANDLA KUTHELE IZITHELO

Abawine izindondo zegolide emkhakheni eyahlukene bazodluliselwa emncintiswaneni omkhulu kaNdunankulu wesiFundazwe.

LONDIWE NGIDI

Ukuba ngumsebenzi kaHulumeni osebenza ngokuzikhandla nokuzimisela kunomvuzo, lokhu kubonakale emcimbini wokuklomelisa abasebenzi boMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali obungeledlule eDube Trade Port. Le miklomelo yakhelwe ukugqugquzela abasebenzi bakaHulumeni ukuze basebenze belandela imigomo weBatho Pele – okuwukusebenza ngenjongo yokubeka abantu kuqala. Imigomo yeBatho Pele yakhelwe phezu kwesisekelo sokubonisana nezakhamizi, ukwazisa izakhamizi ngamazanga omsebenzi abangawalindela, ukutholakala kwezidingo, inhlonipho, ukuthola ulwazi, ukuvuleleka nokuba sobala, ukulungisa isimo ngokubhekana nezikhalazo, amanani afanele, ukugqugquzela ukuphuculwa kokusebenza nokuhlomulisa

ngomsebenzi omuhle. Inhloso yokuklomelisa abasebenzi ukubabonga nokuncoma labo abenza umsebenzi omuhle, ukuhlonipha ubuholi nabaphathi, ukuhalalelisela labo abasebenza ngokuzibophezela, ubuqotho nokuzinikela kwabasebenzi. Lena ngenye yezindlela zokugqugquzela inqubekela phambili emsebenzini kanye nokuqinisekisa ukuthi sinikeza umphakathi umsebenzi osezingeni eliphezulu. Okuyikhona okusemqoka wukuba uHulumeni afeze indima yakhe ebalulekile esizweni ehlanganisa ukuba ngophendulayo kuzo zonke izidingo zabantu, ozimisele emsebenzini wokulethwa kwezidingo zabantu. Ukufinyelela ekuklomeliseni abasebenzi kuye kwadingeka ukuba ozakwabo bazikhethele lowo msebenzi abambonayo ukuthi usebenza ngokuzimisela

ngokuzibophezela kule mikhakha elandelayo; Best frontline service delivery employee of the Year, Best Public servant of the year, Best Public Service leader of the year, best head of Department of the Year, best Public service creative and innovator of the year, best public service Institution of the Year and best service implemented programme / Project of the Year. Amajaji abe esehlunga umsebenzi ophume phambili kule mikhakha ehlukeni. Abawine izindondo zegolide emkhakheni eyahlukene bazodluliselwa emncintiswaneni omkhulu kaNdunankulu wesiFundazwe, uMhlonishwa uSenzo Mchunu. Kulowo mcimbi bayobe sebencintisana nabanye abasebenzi bakaHulumeni kule mikhakha elandelayo. Ophume phambili emkhakheni we-Best Frontline Service Delivery Employee of the Year kube uMnuz

M. Mthombeni wasehhovisi laseDannhauser. Othathe i-Best Public Service Leader uNksz T. Mathenjwa wasehhovisi lakwaMhlabuyalingana kwathi ngaphansi kwe-Best Public Service Creative/Innovation of the Year kwahlomla, uNksz M. Larsen, oqhamuka eCedara kwase kuthi ngaphansi kwe-Batho Pele Team of the Year umhlanganiso wadliwa yihhovisi laseZingolweni. Umklomelo okhethekile kaNgqongqoshe wokuba umsebenzi osebenzisana kahle namalunga omphakathi uthathwe nguNksz Nondumiso Ndlovu. Lo msebenzi utshengise intshisekelo ngendlela asebenza ngayo ekwakheni ubudlelwane obuhle phakathi komphakathi noMnyango ngokuvula indawo nendlela evumela amalunga omphakathi ukwazi ukuletha izikhalazo zabo bekhululekile. Umklomelo wesibili okhethekile womsebenzi osebenza

ngokuzinikela, uhlonyulwe uMnuz Khumbulani Hadebe, owaziwa emphakathini njengomuntu osebenza kanye nomphakathi ngokuzikhandla nokungabiki izaba uma kufanele kusetshenzwe. Owesithathu umsebenzi oklomelisiwe ngokuba umsebenzi osebenza ngokugculisayo nokushesha ekuphenduleni izikhalazo zomphakathi futhi onikezwe elikhulu ihlombe ngokuqhamuka namasu amasha okusebenza kube nguMnuz Njabulo Ntshangase. “Sihlose ukuba uMnyango onabasebenzi abakhuthele, abahleze beqhamuka nezindlela ezintsha nezisheshayo zokuthuthukisa imiphakathi isiyisebenzelayo ngokuzikhuthalela ekwenzeni umsebenzi ukuzimisela kanye nokuzikhandla ngaphandle kokudinga ukuphushwa noma ukukhumbuzwa uMphathi.” kusho uXaba

I DO RIGHT

EVEN WHEN NOBODY IS WATCHING

ANTI-CORRUPTION HOTLINE -
0800 596 596



KWAZULU-NATAL IS GROWING, DEVELOPING AND CARING!

KUNGENISA ABESIFAZANE EMISHININI YOKUSEBENZA EMGWAQENI

Ukuze siqinisekise ukuthi lesi sibalo siyanda kakhulu kunakuqala ngiyanxusa ukuthi labo bashayeli bogandaganda besifazane nabo baqeqeshe abanye abasafufusa ukuze leli gebe livaleke.

NONHLANHLA NDWANDWE

UMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natali uyaqhubeka neqhaza olibambile lokuthuthukisa abantu besifazane njengoba sibukeka sikhula isibalo sabo abashayela ogandaganda bokulungisa imigwaqo yobhuqu esifundazweni. Phambilini uMnyango uqhameke nesu lokuvala igebe ngokuthi kube nabantu besifazane abangabashayeli bogandaganda kodwa okuthe uma kufakwa izikhangiso saba sincane kakhulu isibalo sabafaka izicelo. Nakulabo ababezifakile izicelo, abanye abaphumelelanga ukuyohlolwa ngenxa yezimo ezahlukahlukene. Ekhuluma ngaphambi kokwethula isabelo mali esiShayamthetho eMgingundlovu ngeledule uNgqongqoshe walo Mnyango uMnuz Willie Mchunu uthe ngesikhathi kunehlolo-khono kwavela ukuthi iningi labo lalingenako ukuzethemba nokwenza kwangaba lula ukuthi zivalwe lezi zikhala ngabantu besifazane. Nokho, uMchunu ube esezwakalisa ukujabula ukuthi namhlanje ezikheleni zabashayeli bogandaganda abangu-371 abaqashwe uMnyango zingu-27 izikhala ezigcwaliswe ngabesifazane nokunethemba lokuthi ngokuhamba kwesikhathi

lesi sibalo sizogcina silangana noma sedlule esabesilisa. “Ukuze siqinisekise ukuthi lesi sibalo siyanda kakhulu kunakuqala ngiyanxusa ukuthi labo bashayeli bogandaganda besifazane nabo baqeqeshe abanye abasafufusa ukuze leli gebe livaleke. Leli yikhono elingajwayelekile ikakhulukazi kubantu besifazane njengoba lo msebenzi ungeminye eyaziwa njengeyabantu besilisa kuphela ngakho akumele ukuthi lesi sibalo sime kulesi esikhona kodwa kumele sande kakhulu,” kusho uMchunu. Omunye walaba bashayeli uNks Ntombizodwa Gushu waseKokstad uthe ukuze afinyelele lapho ekhona kwamthatha isikhathi wathi kodwa uyajabula ukuthi manje usevuna izithelo zokubekezela. “Ngifike eMnyangweni wezokuThutha ngo-1991 ngiqashelwe ukwenza itiye nokuwumsebenzi engawuhlala eside isikhathi phezu kwemizamo engangiyenza yokuthi ngishintshe umsebenzi ngithole ongcono. Phezu kwemizamo eminingi engayenza ukuguqula lesi simo kodwa ekugcineni sengilapha engikhona namhlanje futhi ngiyazigqaja ngalokho,” kusho uGushu. Uthe ukuqinisekisa ukuthi bayanda abantu besifazane abagcina sebashayela ogeleja, uyabagququzela abuye aqeqeshe



Abanye besifazane asebeqashwe uMnyango njengabashayeli bodandaganda bebelange noNgqongqoshe uMnu Willie Mchunu ngaphambi kokwethulwa kwesabelo mali muva nje. **Isithombe: SBU ZUNGU**

abanye besifazane abangaphansi kwakhe ukuthi bakhuthazeke ukuthi nabo gabcine sebeqhoqhobela le mishini emikhulu ebithathwa njengeyabantu besilisa ngaphambilini. UMnyango usezinhlelweni zokusungula ama-learnership

abashayeli bemishini emikhulu yokusebenza emgwaqeni okuhlanganisa nabo ogandaganda. Lolu hlelo luzohlomulisa abantu besifazane abangasebenzi abazoba kulezo zindawo okuzophuma khona izikhala zemisebenzi yalolu hlobo. UMchunu uthe lokhu kuzokwenza

ukuthi kube lula ukusabalalisa amathuba emisebenzi esifundazweni sonkana bese lokho kwelekelela kulezo zindawo esikhathini esedlule obekuba nezingqinamba ukwenza lokhu.

Kuqiniswa ezokuphepha emgwaqeni ezikoleni zasemakhaya

MABUYI MKARRY

Zithole ukucijwa ngamakhono nangolwazi izinhloko ezibambe iqhaza kwezokuphepha emgwaqeni ngenkathi uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natali uqhubeke uhlelo i-Learner in Traffic Project oluqondiswe ezikoleni zasemakhaya. Lolu hlelo luyingxenye yezinhlelo zaminyaka yonke zophiko lwezokuphepha emgwaqeni kanti lona lubhekene nezikole zamabanga aphantsi kusukela ku-Grade R kuya ku-Grade 7 ezindaweni zasemakhaya. Lwaqalwa kulandela izibalo ezazikhombisa ukuthi abafundi basezikoleni zamabanga aphantsi baswele ulwazi uma kukhulunywa ngezokuphepha emgwaqeni. UThambi Mgwili-Mthethwa, oyi-Principal Road Safety Officer eMnyangweni uthe: “Kulokhu

kuhlangana sithola ithuba lokwabelana nothisha ngolwazi lwezokuphepha emgwaqeni, esikwenza ngokubaqeqeshela amakhono. Bona babe sebedlulisela lolu lwazi abalutholile kubafundi babo basemabangeni aphantsi. Ngemuva kwalokho abafundi bona babe sebehlolwa ngolwazi abalutholile bese beyiswa emgwaqeni sebeyosikhombisa ukuthi bakuzwe kahle ngempela yini abebekade bekufundiswa.” Lolu hlelo seluhlolwe ezikoleni eziningi zasemakhaya ezindaweni ezisenyakatho kuhlanganisa i-Qubuka Primary eMtubatuba kanye naseVimbukhalo Primary KwaMahlabuyalingana, okuyizikole ezisanda kuvakashelwa ukuzobheka ukuthi lolu hlelo lusebenza ngendlela eyiyona yini.



Amalungu eMtubatuba Community Road Safety Council (CRSC) namaphoyisa kaMasipala ngenkathi kunesigcawu sokufundisa ngezokuphepha emgwaqeni eQubuka Primary muva nje.

“Wonke umsebenzi owenziwayo wenziwa ngokubambisana noMasipala wendawo, lokho

kungenxa yokuthi ngesikhathi abafundi bethathwa beyiswa emgwaqeni sisuke silekelelwa

iziphathimandla zezokuphepha emgwaqeni zoMasipala bendawo,” kuphetha uMthethwa.



“Wonke umsebenzi owenziwayo wenziwa ngokubambisana noMasipala wendawo, lokho kungenxa yokuthi ngesikhathi abafundi bethathwa beyiswa emgwaqeni sisuke silekelelwa iziphathimandla zezokuphepha emgwaqeni zoMasipala bendawo”

UMNYANGO WEZOLIMO WETHULE UHLELO LOKUTSHALWA KOMMBILA NOBHONTSHISI ENKANDLA

Kule mali abaxhaswe ngayo sekuthengwe ogandaganda abathathu abazosiza icluster, lemali izophinda isize ekunakekeleni ogandaganda, ukunakekela izitshalo kanye nokunye okuningi.

XOLISWA MNGUNI

UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnuz Cryil Xaba, wethule ngokusemthethweni uhlelo lokutshalwa kommbila kanye nobhontshisi eNkandla. UMnuz uXaba ufike wancoma ukukhuthala nokusebenza ngokuzikhandla kubantu baseNkandla. Lolu hlelo olubizwa ngokuthi yiZondi Cluster lwasungulwa ngenhloso yokuguqula impilo yabantu abamhizinisi abo. UMhlonishwa uXaba wethule ngokusemthethweni uhlelo lokutshalwa kommbila kanye nobhontshisi esigodini seNkosi uZondi olubizwa nge KwaZondi Cluster. UMnyango wezolimo wabona ithuba lokuthuthukisa abalimi abasafufusa kwase kwakheka icebo lokuhlanganisa abalimi abanemifelandawonye ukuze kwakheke ipulazi elilodwa, lendawo yokutshala ummbila kanye

nobhontshisi elingamahektha angu-200 sekuhlanganiswe zonke izindawo ezibandakanya imifelandawonye eyisihlanu. Kulo mhlaba ongamahektha angu-200, amahektha angu-50 asetshenziselwa ukutshala ummbila bese amahektha angu-150 asetshenziselwe ukutshala ubhontshisi futhi uMnyango uzosiza laba balimi bommbila ngokuhambisa isivuno sabo sommbila siyiswe esigayweni saseNquthu. Abalimi bakwaZondi Cluster sebezuze lukhulu eMnyangweni wezolimo, ukuqalisa lolu hlelo uMnyango wabaxhasa ngezigidi zemali engango-R2,2 million. Kule mali abaxhaswe ngayo sekuthengwe ogandaganda abathathu abazosiza icluster, lemali izophinda isize ekunakekeleni ogandaganda, ukunakekela izitshalo kanye nokunye okuningi. Leli cebo loMnyango wokuhlanganisa imifela ndawonye kuzosiza abalimi bafunde ukuphatha umsebenzi wabo njengebhizinisi. “Kulezi zinhlelo ngingabala uhlelo lweNkasa eNsuzi olwabelwe imali



Kusuka kwesokunxele ngamalungu esishayamthetho saseKZN, uNksz Doris Dlamini, uNksz Lindiwe Bebe, Inkosi Dlamini, uNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi eKZN MEC Cyril Xaba, IPhini leMeya yaseNkandla Local Municipality uKhansela Thokozani Ndlela, IKhansela lakuwadi 5 eNkandla Local Municipality uKhansela Phumzile Dlamini neNhloko yoMnyango wezoLimo uDkt Sipiwe Mkhize ngesikhathi kwethulwa ngokusemthethweni uhlelo lokutshalwa kukambila nobhontshisi. **Isithombe: MBUYISELO NDLOVU**

engu R 2, 5 million. Lolu hlelo luzonisela insimu engamahektha angu-316” kusho uXaba. Umhlonishwa Xaba unxuse abalimi bakulendawo ukuba bayiphathe kahle impahla abayinikwe umnyango ngoba uma bengayiphathi ngendlela bazophoqeleka ukuba baphucwe kunikezwe abazoyiphatha

ngendlela egculisayo. Uqhube wathi uhulumeni uzoba siza iminyaka emithathu emuva kwaleyo minyaka uzobe esebadedela baziqhubekele ngokwabo. Ngikholelwa ekutheni emuva kweminyaka emithathu abalimi bakule ndawo bazobe sebekulungele ngokwanele

ukuzimela ngokwabo, kusho uMnuz Xaba. Inkosi yakule ndawo yakwa Zondi ikuqinisekile ukuthi bona njengomphakathi wakwa Zondi bazimisele ukusebenza baye phambili emsebenzini wokulima ummbila kanye nobhontshisi futhi yinto vele esikade yaqala kule ndawo ngokusho kwenkosi.

Bafundiswe kabanzi abalimi abavela eMzinyathi

XOLISWA MNGUNI

Babheme bakholwa abalimi abavela komasipala abangaphansi koMkhandlu waseiFunda soMzinyathi ngenkathi becotshelwa ngezindlela zokutshala nokunakekela imfuyo kwiDundee Research Station Farmers Day, okwiyisikhungo socwano ngo sezolimo esizinze eDundee. Lo mhlango wabalimi obanjwa njalo ngonyaka ezikhungweni zomNyango ezahlukeni zocwano unenhloso yokucobelela abalimi ngolwazi lwakamuva oluvela kwimiphumela yocwano ukuze balime futhi banakekele imfuyo ngezindlela ezihloliwe baphinde bahlomule ngemikhiqizo engcono

kuneywayelekile ukuze kudlondlobaliswe amabhizinisi abo. Kulolu suku lwabalimi nabafuyi bekutheleke ngobuningi abalimi abavela koMasipala abangaphansi koMzinyathi, Amajuba kanye noThukela kanti izingcweti zoSosayensi zona bezivela eNhloko-hhovisi eCedara kanye nakuso lesi siKhungo sase Dundee. IsiKhungo saseDundee sigxile kakhulu ekuhloleni izinhlobo ezihlukahlukene zembewu, uhlobo lwesimo sezulu oluzivumayo kanye nezifo nezinambuzane ezihlaselayo kanye namaqhinga okuzigwema. Siphinde sihlole, sicwaninge, sithuthukise indlela yokunakekela imfuyo bese kuthi

imiphumela yocwano isatshalaliswe kubalimi ezinsukwini ezihlelwayo ezifana nalolu. Abeluleki kanye nosoSayensi abaye bameme abafuyi kanye nabalimi bezindawo ukuba bazothola ulwazi olwahlukahlukeni olungabasiza ekuthuthukiseni imisebenzi yabo ngenhloso yokuphucula indlela imiphakathi yasemakhaya eyenza ngayo ezolimo futhi kutholakale izisombululo ezihambisana nendlela yakamuva yezolimo ukuthuthukiswa komnotho. Kulolu suku, abafuyi balulekwe ngezindlela ezahlu kahlukeni abangagwema ngazo ukonakala kwezitshalo zabo okuhlanganisa ukusetshenziswa komanyolo,

izikhuthazakhaba, izihlobo zezimbewu ezivumelana nezimo zezulu, ubuhle bokutshala ungalimanga, ukugwema izifo nokhula, ukumbozwa komhlabathi ukuze kongwe umswakama, ukutshalwa kwezindluba namantongomane, ubhatata kanye namazambane. Abafuyi bona bacotshelwe ngolwazi lokunakekelwa kwemfuyo ehlanganisa izimvu zesintu, iziklabhu ezingama Merino kanye nezinkomo ezingamaNguni, ezenyama nezobisi. Lolu suku lufundise abafuyi ukuthi yinini lapho kumele bathathe isinqumo sokudayisa nokuhlaba imfuyo kanye nezindlela zokuzakhela amabhele.

Ososayensi kanye nabaluleki bayale abalimi ukuba bazi ukuthi imbewu ethile itshalwa nini, ngasiphi isikhathi sonyaka, baphinde babaqwashisa ngokugwema nokunakekela izitshalo zabo ukuze ziphile zibe nomsoco. UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yasemakhaya uMnu. Cryil Xaba uhlala ekhuthaza abalimi kanye nabafuyi ukuba kumele bashitshe indlela yokubheka amabhizinisi abo bahambisane nezindlela ezintsha ezolimo ziysayensi nebhizinisi.



agriculture & rural development
Department:
Agriculture and Rural Development
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

UHLELO LOKUXHUMANISA ABANEZIQU KWEZOLIMO NEMBONI YEZOLIMO

SIBUYISELA UMHLABA WOKULIMA ESIMWENI SOKUKHIQIZA

Uma uneziqo zemfundo ephakeme kwezolimo noma ungumnini wepulazi odinga abantu abanamakhono ahlukene emkhakheni wezolimo, bhalisa imininingwane yakho ku www.kzndard.gov.za, uchaze umkhakha ogxile kuwo bese ugcindezela inkinobho ebhanyazayo ye-Unemployed Agricultural Graduates Portal noma uye ehhovisini lezolimo eliseduze nawe. Ngena ngqo ku: <http://ugp.kzndard.gov.za>





“PHEZANI MASELA UKWEBA UGESI WOMPHAKATHI” – DUBE-NCUBE

Kumnandi kithina sonke njengoba sinibona nithokozile futhi ninokubonga kuhulumeni okhethwe yinina ngokuthi usukwazile ukuba nani unikhanyisele ugesi nifane nomakhelwane benu abamhlophe

VERNON MCHUNU

U Ngqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu KwaZulu-Natali, umhlonishwa uNomusa Dube-Ncube, ukhumbuze izakhamizi zaKwaZulu-Natali ngokubaluleka kukagesi ekuthuthukiseni inhlalo yomuntu, wabe esenxusa abantu ukuba balwisane nesihlava sokwebiwa kukagesi ngokuthi uxhunywe ngokungekho emthethweni.

U-Dube-Ncube, obehambisana noyilungu lesishayamthetho saKwaZulu-Natali, uMnuz Sihle Zikalala, nophinda abe ngumholi

ophezulu wenhlangano ebusayo uKhongolose esifundazweni, ubekhuluma ngesikhathi ezokwethula uhlelo lokufakwa kukagesi noselukhanyisele izakhamizi ezibalelwa ku 2000 ezizinze endaweni yase Sonkombo eNdwedwe, oseludle izigidi ezingu R19 (million).

“Kumnandi kithina sonke njengoba sinibona nithokozile futhi ninokubonga kuhulumeni okhethwe yinina ngokuthi usukwazile ukuba nani unikhanyisele ugesi nifane nomakhelwane benu abamhlophe nezinye izinhlanga,” kusho ungqongqoshe. “Futhi siyazi ukuthi

izimpilo zenu sezizobangcono kakhulu manje njengoba nani senizokwazi ukukhanyisa ugesi uma kuhwalala; abantwana batadisha kancono; kuphekwe kalula futhi nabafisa ukuqala amabhizinisi amancane nabo basebenze kalula,” kuchaza uDube-Ncube.

“Kodwa okubalulekile wukuthi ningavumi ukuthi kulogesi wenu kube khona abazoxhuma ugesi ngokungemthetho noma bantshontshe amakhebula kagesi, ngoba lokho kuyobuyisela emumva umsebenzi omuhle futhi nomkhulu njengalona njengoba siwubona.

Logesi ungezinye zezinto

ezilethwe nguhulumeni wabantu ukwenza ngcono izimpilo zenu kwazise phela sasithembise kanjalo ukuthi lesisifundazwe kanye nalelizwe kumele kube nempilo engcono futhi nenokulingana ngaphandle kobuphofu – kuwona wonke umuntu,” kuchaza ungqongqoshe, nokulandelwe yinhloko nemikikizo obekuvela kumalungu omphakathi abethamele umcimbi ezinkundleni zezemidlalo eSonkombo.

UZikalala, obuye abe ngunobhala wesifundazwe kuANC, naye ubebonakala nje ukuthi intokozo iyaziphuphumela, kwazise phela

ungowokudabuka eNdwedwe, nokusobala ukuthi ubethintek kakhulu.

Nokho yena ube mfishane ngamazwi, kuphela waqhakambisa elokubonga kakhulu kubuholi kumasipala kanye nobuholi besifundazwe, wagcizelela ukuthi intuthuko iyohlala ifika kalula kubantu uma njalo kuba nokubambisana kanye nokusukumela izinto kubaholi kusukela ewadini, kwenyuke kufike emkhandlwini kanye nasesifundazweni.



PROVINCE OF KWAZULU-NATAL
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

SIYAQHUBA!

sisemkhankasweni **wokuguqula**
izimpilo zabantu

UMABUYAKHULU UQINISE UMPHAKATHI IDOLO ETHULA ISABELOMALI SEMNYANGO WAKHE

Zisazolandela ezinye izinhlelo ezibalulekile ezizodla izigidi, okubalwa nohlelo luka-R40 billion oluzodala amathuba emsebenzi angu-15 000 nolunye okubhekwe ukuthi lube kuR16.5 billion

Siphila esikhathini esinzima futhi nomnotho awuzinzile kodwa mining imisebenzi esidalekile futhi nabatshalimali basaqhubeka nokuthembela kulesi sifundazwe kwazise basafaka izinkulungwane zemali ezinhlelweni zentuthuko.” Lawa ngamazwi aphinyiswe uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa kwezoMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo KwaZulu-Natali uMichael Mabuyakhulu ngenkathi endlalela inkulumo yakhe yokwethula isabelo mali kwisishayamthetho ngeledlule. UNdiyema ubike ukuthi ngonyaka odlule iKwaZulu-Natal ithole uR5 billion ezinhlelweni ezithinta abatshali-mali nokuholele ekutheni kudaleke amathuba emisebenzi engu-11 038 esifundazweni. Uqhubhe wathi njengoba umnyango wakhe wabelwe isamba semali engango-R55 billion lokhu kuchaza ukuthi babalelwa ku111 950 abantu abazosizakala. “Zisazolandela ezinye izinhlelo ezibalulekile ezizodla izigidi, okubalwa nohlelo luka-R40 billion oluzodala amathuba emsebenzi

angu-15 000 nolunye okubhekwe ukuthi lube kuR16.5 billion, okuchaza ukuthi kuzophinde kudaleke eminye imisebenzi engu-8 000. Mayelana nokusimamisa isimo somnotho esifundazweni, uNgqongqoshe ugqizelele wathi: “Asikho isimo esinzima sezomnotho esizosidikibalisa ekutheni siqhubeke sithuthukise impilo yabantu. Uphinde wabalula ukuthi njengoba isimo sezomnotho singahambi kahle emhlabeni jikelele, nomnotho waseNingizimu Afrika kunzima ukuthi ukhule. “Maningi amathuba okuthi umnotho waseNingizimu Afrika ungabi sesimweni esikahle kulo nyaka ngenxa yokuhlaselela kwesomiso, ukubiza kancane kwezinto, izinga elikhulu lokubolekwa kwemali, ukwehla kwemikhiqizo nokuweba, ukwehla kwamabhizinisi nokuba manjika kwamakhasimende. Ukungakhuli ngendlela komnotho kuchaza ukuthi izonciphisa imali kuhulumeni nokuchaza ukubambezeka kokuhanjiswa kwezidingo-ngqangi emphakathini,” kuqhuba uMabuyakhulu.

Ngenxa yalokhu, uNgqongqoshe uthe umnotho wesifundazwe unyoke ngo-0.1% kwikwata yesine ka-2015 uma kuqhathaniswa no-1.1% wangekwata edlule. “Lokhu kungenxa yokudonsa kanzima kwezimbongi ezikhiqizayo nezihluleke zancama ukusebenzisa ukwehla komnotho ukuze kuzosizeka impahla ethunyelwa emazweni kanjalo nesomiso esinzima esishiye kukhalwa kwezolimo,” kuchaza uMabuyakhulu. Lesi somiso esihlasele kube ngesibi kakhulu ekuthikamezeni umnotho. Kepha uMabuyakhulu uthe yize isimo somnotho singesihle, uphiko olungaphansi koMnyango wezokuThuthukiswa kwezoMnotho, ezokuVakasha nokongiwa kweMvelo, iTrade & Investment KZN lusize osomabhizinisi baKwaZulu-Natal abathumela impahla yabo. Emazweni angaphandle ngokubatholela imisebenzi engu-125, lwaphinde lwabahlinzeka ngolwazi kwezezimakethe nokubaxhumanisa nabanye kwamanye amazwe.



UHLELO LWEZIMOTO LUZODALA INQWABA YEMISEBENZI

Uhlelo oluhlongozwa wuhulumeni wesifundazwe lokusungulwa kwemboni egxile kwezezimoto, phecelezi iKwaZulu-Natal Automotive kulindeleke ukuthi livule inqwaba yemisebenzi. Loluhlelo oluzodla isamba esingu u-R11.5 billion eminyakeni engaphezu kweyisithupha ezayo ludalulwe uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, eZokuvakasha nezeMvelo uMichael Mabuyakhulu ngenkathi ethula isabelo-mali salomnyango esishayamthetho.


UMabuyakhulu uthe lukhona ucwaningo oselwenziwe umnyango wakhe oluthinta loluhlelo kanti sekuhlonzwe nomhlaba ongu-1 000 hectares oseduze neScottburgh eningizimu neTheku. “Ingu-29 735 imisebenzi ezodaleka, okubalwa neyitoho, uma sekuqala ukusetshenzwa. Uma isisebenza ngokugcwele le mboni izofaka u-5.18% emnothweni weTheku, kuphinde futhi kudaleke nenqwaba yamathuba emisebenzi. “Uqhube wathi le mboni

yezezimoto ibalwa nezinye ezibalulekile esifundazweni kwazise yeseka ukuthuthukiswa komnotho nasekudalekeni kwamathuba emisebenzi futhi kubalulekile ukuthi uhulumeni wesifundazwe aqhamuke nezindlela ezingcono zokuyeseka. Uphinde wadalula ukuthi nehhovisi lenxusa laseJapan linezinhlelo zokuyeseka le mboni yezimoto. “Okunye okulandelayo esigabeni sokuhlala ukuthola abazohlizeka ngezidingo zokusebenza ngokuphelele

esigabeni sokuqala salemboni,” kusho uMabuyakhulu. Uthe isigaba sokuqala sizodla u-R4.2 billion. UMabuyakhulu uphinde wamemezela izinhlelo ezingqala zomnyango wakhe zokusimamisa umnotho wesifundazwe. Lapha kubalwa UMnyango uhlelo lokusebenza ngokubambisana nenkampani ekhiqiza ushukela iTongaat Hulet Sugar South Africa ukuze kuthuthukiswe abalimi bomoba ezindaweni zaseDarnall, Felixton, Amatikulu nezinye

izindawo ezisebenzisa izigayo iMaidstone Mill. “Eminyakeni emithathu ezayo umhlaba ongu-3000 hectares uzotshalwa umoba, kulinganiselwa ukuthi angu-3 381 amathuba omsebenzi azodaleka,” kusho uMabuyakhulu. Isiyonke imali ezosetshenziswa kulolu hlelo izoba ngu-R74 million, umnyango uzofaka uR51.8 million, uR22.2 million uzophuma eTongaat Hulet okuyiyo ezosiza kakhulu abalimi ngamakhono anzulu azobe edingeka.





REPORT BACK **IMBIZO**

UNdunankulu wakwaZulu-Natal uMhlonishwa uSenzo Mchunu umema wonke umphakathi kanye nabaholi baseMtubatuba namaphethelo emhlanganweni wokuletha izimpendulo. Umhlonishwa uzovakashela loMasipala wase Mtubatuba ngaphansi kuka Ward 9 (eNkundusi) mayelana nezicelo ezafakwa umphakathi ngonyaka odlule, ikakhulukazi uWard 9. Ngalolusuku uNdunankulu uzoletha izimpendulo ngalokhu osekwenziwe mayelana nalezizicelo.

Zifikele mathupha ukuze uzizwele uNdunankulu ekhuluma nawe njengesakhamuzi esibalulekile!!

13 May 2016

Nkundusi Sports Field • EMTUBATUBA

09H00

Izinto zokuthutha zihleliwe, umphakathi ungaxhumana namaKhansela endawo. Abazohambela lomcimbi niyanxuswa ukuba bangafaki umfaniswano wezepolitiki.

“ISIFUNDAZWE ESIKHULAYO, ESITHUTHUKAYO FUTHI ESINAKELELAYO NESIPHOKOPHELE EKUFEZENI
IZINHLOSO ZASO ZIKA 2030”